IBhayibheli LaBantwana
Likulethela

UmHholi
WeThempeli
Uvakashela
UJesu

Ibhalwe ngu: Edward Hughes

Kwabonakala ngu: Byron Unger; Lazarus

Ifanekiswe ngu: M. Maillot; Sarah S.

Alastair Paterson

Itolikwe ngu: Goodwill Sithembiso Gwala

Ikhiqizwe ngu: Bible for Children
www.M1914.org

©2020 Bible for Children, Inc.
iLayisensi: Abantu bangazithathela noma bephrinte izinto kulendaba egunyazwe ngokomthetho kodwa akumele bazidayise.

Ngelinye ilanga uJesu waya eThempeleni, wafica abantu behlaza indlu kaNkulunkulu. Babedayisa izimfuyo benikana nemali phakathi eThempeleni.

Wakha isiswebu ngezintambo, uJesu waxhosha abadayisi eThempeleni. “Khiphani lezizinto,” kusho uJesu. “Musani ukwenza indlu kaBaba indawo yokuthengisa.” UJesu wayewuthanda umuzi kaBaba Wakhe.



Abahholi babefuna ubufakazi obukhombisa ukuthi uJesu unalo ilungelo lokuxosha abantu eThempeleni. “Bhidlizani leliThempeli, ngizakulivusa ngezinsuku ezintathu.”



Kuphendula uJesu. Ngeke! IThempeli lathatha imnyaka eyamashumi amane ukuthi lakhiwe.

Kodwa uJesu
wayekhuluma
ngomzimba wakhe.
Njenge Thempeli,
umzimba Wakhe
wawuyindawo
lapho kuhlala
khona
uNkulunkulu.



Ize uJesu wayezokufa weyazi ukuthi uNkulunkulu waye zokumvusa kwabafileyo ngosuku lwesithathu.

Ebusuku,
oyedwa wabahholi
bethempeli
wavakashela
uJesu. Weyazi
ngezimanga
ezazenziwa
uJesu ukuthi
waye thunywe
uNkulunkulu.
UNikodemu
weza kuJesu
ukuzofunda
ngoNkulunkulu.

UJesu watshela uNikodemu ukuthi abantu kumele bezalwe kabusha ukuze bangene embusweni waNkulunkulu. UNikodemu wadideka.

Kungenzeka kanjani ukube indoda endala ibe ingane futhi. Ngaphandle kwalokho, waye umuntu wokholo. Akwanele yini lokho na?

“Lokho okuzelwe umoya kuwu moya,” kusho kuchaza uJesu. “Umoya kaNkulunkulu ufana nomoya ophephethayo. Uyaluzwa udumo lwawo, kodwa kawazi lapho uvela khona nalapho uya khona.”

UJesu wayesekhumbuza uNikodemu ngezingane zase-Israyeli zikhononda koMose kudala. “asinakudla, asinamanzi, futhi asisithandi lesinkwa esinikezwe uNkulunkulu,” besho bekhala.

Isono salabobantu sachasula uNkulunkulu. Wathumela izinyoka ezinesihlungu kubona. Izinyoka zaluma abantu. Kwafa abaningi.

“Sonile. Sithandaza ukube iNkosi izisuse lezinyoka,” kuncenga abantu. UMose wabathandazela. Kodwa uNkulunkulu akazange azisuse izinyoka.

UNkulunkulu wathumela uMose ukube akhe inyoka yethusi enesihlungu ayibeke ensikeni. “Wonke umuntu olunyiwe uzothi mayeyibheka lenyoka yethusi uzosinda.” Kuthembisa uNkulunkulu. UMose wenza inyoka yethusi, bonke ababheka kuyona basinda.

UJesu wayesethi
kuNikodemu, Indodana
yaNkulunkulu kumele
iphakamiswe
njenge
nyoka
yethusi.

UJesu wayekhuluma
ngesiphambano
lapho
wayezokufela
izoni khona.

UJesi wathi,
"Ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana yakhe ezelwe yodwa ukuba yilowo nalowo okholwa yiyo angabhubhi, ...

... kodwa abe
nokuphila
okuphakade."

Lokhu kusho ukuthi
yilowo nalowo okholelwa
kuJesu uzalelwa
emndenini
kaNkulunkulu.

Mhlampe uNikodemu akazange abe umfundi kaJesu ngalobobusuku. Kodwa eminyakeni ephambili, uNikodemu watshengisa ukuthi uyamthanda futhi uyakholelwa kuJesu ngokusiza ukungcwaba iNdodana yaNkulunkulu eyabethelwa.

Emva kwalokho, uJesu nabafundi Bakhe bathatha uhambo lwaseNyakatho. Abanye abantu kwakumele bezwe ngoMbuso kaNkulunkulu, futhi bathole nethuba lokukholelwa kuJesu waseNazaretha, iNdodana kaNkulunkulu.

UmHholi WeThempeli Uvakashela UJesu

Indaba evela kwiZwi laNkulunkulu, iBhayibheli,

Itholakala

Johane 2-3, Numeri 21

"Ukwambulwa kwaMazwi Akho kuyakhanyisa."
AmaHubo 119:130

Yaphela

Lendaba yeBhayibheli isitshela ngoNkulunkulu wethu uyisimanga owasidala futhi ofuna ukuthi wena wazane Naye.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, Azibiza ngesono. Isigwebo sesono ukufa, ngokuba uNkulunkulu walithanda izwe kangaka, waze wanikela ngeNdodana Yakhe ezelwe yodwa ukuba izosifela esiphambanweni igwetshelwe izono zethu. UJesu wase evuka ekufeni wanyukela ezulwini ekhaya lakhe! Uma ukholwelwa kuJesu futhi uma Umcela ukuthi akuthethelele izono zakho, Uzokwenza lokho! Uzoza ezophile ngaphakathi kwakho manje, futhi uzophila Naye kuze kube ingunaphakade.

Uma ukholwa ukuthi iqiniso leli, ithi kuNkulunkulu:
Nkosi Jesu, Ngiyakholwa ukuthi wena unguNkulunkulu, futhi wehla ezulwini waba inyama ukuze ufele izono zami, wavuka ekufeni usuyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngizokwazi ukuba nempilo entsha, ukuze ngiyokwazi ukuba Nawe kuze kube phakade. Ngisize ukuba ngilalele Wena futhi ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Ameni.

Funda iBhayibheli futhi khuluma noNkulunkulu nsuku zonke! Johane 3:16